

UMYALO OMKHULU

 Ngiyabonga, Mfowethu Vayle.

² Futhi ngifuna ukusho u “Sanibona ekuseni,” kini nonke lapha. Futhi ngempela kuyi—yinhlanhla enkulu ukuba lapha kulendawo yaseChattanooga futhi ukubeka ingxenye yami yenkonzo yami ekusizeni kwenu bazalwane ukuqhuba umsebenzi osuvele uqalisiwe yiNkosi yethu uJesu, ukwakha phezu kwalomgomo.

³ Futhi siyawuthokozela lomhlango. Sekuyisikhathi eside kwahlala enhliziyweni yami umhlango wokugcina esasilapha ndawonye. Namanzi amaningi ehlele emfuleni kusukela ngaleyonkathi, izinto eziningi yenziwe, izimpi eziningi ilwiwe futhi yanqotshelwa iNkosi yethu.

⁴ Futhi kulokhu ukusa kuyinto emangalisa kakhulu ukuba lapha etafuleni kanye nani besilisa nabesifazane, nina zakhamizi zakithi zoMbuso kaNkulunkulu, bafowethu nodadewethu bokukholwa okuyigugu okufanayo.

⁵ Futhi niyazi ukuthi angisiso isikhulumi; ngiyathanda nje ukusho engingakusho ngenxa yenkazimulo yaKhe, ngazi uma nginephimbo, ngifuna ukusebenzisa lokho enginakho ukwenzela inkazimulo yaKhe. Futhi ngifisa sengathi bengiyisikhulumi njengoMfowethu Vayle, nabanengi benu bantu, kodwa uNkulunkulu akazange angibizele lokho, ngabizelwa olunye uhlobo lwenkonzo. Futhi si... Bengingeke ngizame ukuthatha indawo kaMfowethu Vayle noma indawo yenu, bekuyoba nzima nje kimi ukuthatha indawo yakhe, mhlawumbe, kuye ukuthatha indawo yami. Ngakho sihlala obizweni lwethu nje, futhi senze esingakwenza ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu omkhulu.

⁶ Manje, ngiyajabula ukubuyela ezansi eNingizimu enhle endala futhi. Niyazi, kukhona okuthize ngezifunda zaseningizimu engikuthandayo. Ngazalelwa kulomhlabathi ezansi lapha, niyazi, ngakho kukhona okuthize ngakho, njengokubuyela ekhaya. Futhi ngikhuphukela le eNyakatho, bathi, “Heyi, awusho, mfo, ufanele ube ngowaseNingizimu.”

⁷ Ngacabanga ukuthi ngikhulume isiNgisi ngaze ngaya eNgilandi. Ngangidinga umhumushi eNgilandi kabi kakhulu ukwedlula noma yikuphi engake ngaba khona. Njalo lapho ngikhuluma babethi, “Uvela kuyiphi ingxenye yeTexas na?” Angikwazanga nje ukukwenza. Kodwa lapho bekhuluma ezansi le lapha, niyazi, lokho kuba kude ngempela...

⁸ Ngaya ekhoneneni ngesinye isikhathi eLandani, ngangehla ukuyothola iWestminster Abbey, angisuye umlingisi kuqhele kakhulu, kodwa ngizozama ukulingisa into ethize,

kwakukhona umnumzane ohloniphekile emi ekhoneni nenduku yokudondolozela phezu kwengalo yakhe, i-English Cockney ejwayelekile, ngase ngithi, “Sawubona, mnumzane?” Yena, ebuka phezu kwezibuko zakhe, wakhuluma kimi. Ngase ngithi, “Ungangitshela ukuthi ngingafika kanjani eWestminster Abbey na?”

Wahlina kancanyana, wangibuka, wathi, “Impela, *mngani* omadala,” wathi, “uhamba *ibanga lezindlu zasedolobheni* ezintathu ngapha, ujika *ibanga lezindlu zasedolobheni* ezintathu ngaleyondlela, hamba uqonde phambili,” wathi, “*awukwazi* ukukugeja.”

⁹ UMfowethu David du Plessis cishe nguye kuphela obengaqonda lokho lapha, ngiqagele, kulokhu ukusa. O, ngangazi ukuthi nganginga—ngangingasazi kakhulu isiNgisi. Kodwa ngiyakujabulela ukuba nabantu ndawo zonke ngoba bayizidalwa zikaNkulunkulu.

¹⁰ Futhi manje, ukuzama uku, njengokwejwayelekile ekudleni kwasekuseni kweChristian Business Men, ngivame ukuthi ukushumayela kancanyana kulabo bafo. Futhi ngi... Kodwa manje, phambi kwabefundisi bengingeke ngikuzame lokho. Niyabo? Kodwa nje ngifuna ukufunda omunye umBhalo. Ngoba wonke umbuthano sifanele ukufunda imiBhalo, nokunye nokunye. Ngicabanga ukuthi i. . .

¹¹ Futhi emuva ezinsukwini zasekuqaleni ngenkathi babevame ukuhlangana, babehlephula isinkwa, bathatha iSidlo njalo lapho behlangana, futhi ngiyakuthanda lokho, nami, kusobala, siphumile kulowomkhuba.

¹² Kodwa ngithanda ukufunda nje ingxenye yeZwi laKhe, lapho ukuthi uma singatholi lutho olunye kodwa lokhu, lokhu kuzoba kuhle, kutholakala... ukuthunywa kokugcina kweNkosi yethu. Futhi intando yokugcina yomuntu ifanele ibe yi—yileyo eyenele. Futhi nakhu Akusho eBandleni laKhe, amaZwi okugcina lapho Eshiya izwe, kutholakala kuMarku isahluko 16, ivesi 14 kuqala:

Emva-... wabonakala kwabayishumi nanye behlezi ekudleni, wabasola ngokungakhohla kwabo nangobulukhuni benhliziyo, ngokuba bengakhohlwanga yilabo abambonile esevukile.

Wayesethi kubo, Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.

Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa;... ongakhohlwayo uyakuhlwa.

Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakhohlwayo; Ngegama lami bayakukhipha odeveli; bayakukhuluma ngezilimi ezintsha;

Uma be...baphathe izinyoka; noma uma bephuza okubulalayo, akusoze kwabalimaza; bayakubeka izandla phezu kwabagulayo, basinde.

Ngakho...emva—emva kokuba iNkosi isi—isikhulumile kubo, yakhushulelwa ezulwini, yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu.

Kepha bona bephuma, bashumayela ezindaweni zonke, iNkosi isebenza nabo,...iqinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo. Amen.

13 Lokhu kwaziwa ngokuthi U—UMyalo oMkhulu, kwakungamaZwi okugcina iNkosi yethu eyawakhuluma. Futhi okokuqala Ithumela abafundi baYo kuMathewu 10, sithola ukuthi Yabanika umyalo ukuba bahambe:

Niphulukise abagulayo, nhlambulule abanochoko, nivuse abafileyo, nikhiphe amademoni: njengoba nemukele ngesihle, yiphani ngesihle.

14 Futhi umyalo wokugcina Awunika wawungukuthi hambani niye ezweni lonke, qhubekani nje njengoba benza ekuqaleni: niphulukise abagulayo, futhi nibeke izandla phezu kwabagulayo, futhi nikhiphe amademoni.

15 Futhi kuyinhlanhla kimi, bazalwane, ukuma namadoda anjengani, ihlombe nehloombe, kulokhu ukulwa okukhulu... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...?...izwe elibizwa ngobuKristu, futhi ngithathe indawo yami eceleni kwenu njengalowo okholwa ukuthi lowomyalo usalokhu usemqoka nje njengoba wawunjalo ngehora owanikezwa ngalo. Futhi kulensimu enkulu esikuyo, sithola izikhathi eziningi ukuthi siza ngohlelo lwehlelo elehlukile, qhabo, izigaba zo—zomBhalo. Abanye babo bazo...Umyalo kaKristu lapha wawungukuba baye ezweni lonke futhi bashumayele iVangeli.

16 Manje, iVangeli alihlanganisi iZwi kuphela, kodwa ngamandla nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele, ngoba indlela kuphela obekungenziwa ngayo, ukuba lezizibonakaliso zilandele, bekuyoba yiZwi ukuthatha ukuPhila. Ngakho bekuzofanele kube nguMoya oNgcwele obuzonikeza ukuPhila eZwini ukuveza lezizibonakaliso. Nina bazalwane niyakukholwa lokho.

17 Khona-ke emva kokushiya ibandla leBaptisti futhi ngiza ngapha nabazalwane bami bePentecostal, ngoba ngibonile ukuthi babenento ethize, bakholwa yilokhu, futhi, kodwa ngithole amahlelo ehlukenene. Iqembu lokuqala—lokuqala engalithola laliyilokho abaningi abakunquma njenge, njengoba abaningi benu bazalwane, mhlampe behlelo elifanayo lapha kulokhu ukusa, i-Oneness, awu, yilowo engangicabanga ukuthi bababiza ngePentecost. Awu khona-ke, ngahlangana namanye amadoda akahle. Akubanga yisikhathi eside emva kwalokho ngaze ngathola ukuthi kwakukhona elinye iqembu, futhi

babebizwa ngokaMthathu emunye, ngase-ke ngithola elinye iqembu elibizwa ngeJesus Only, base-ke bethola amaqembu ehlukene njenge-Assemblies of God, neChurch of God, neChurch in Prophecy, zonke lezi.

¹⁸ Manje, nakhu engifuna ukunichazela khona bazalwane. Niyabo? Bengegeke ngilokotho, noma ngayiphi indlela, ukuzama ukuqala okuthile okusha. ngikholwa ukuthi nina bazalwane, nobaba benu emuva ezinsukwini zasekuqaleni ngenkathi bephuma nalesisibusiso eminyakeni engamashumi amane edlule, ngenkathi ngiseyingane ezingalweni zikamama wami, anizange niphume ngaphansi kokunye okuncane, kwemizwa, ukusetshenzwa kwengqondo, naphuma nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi nasungula into ethize, nendlale isisekelo.

¹⁹ Nkulunkulu yala ukuthi ngibe ngumuntu oyedwa ukuzama ukwakha phezu kwanoma yisiphi esinye isisekelo. Uma uNkulunkulu ebeke lesosisekelo, thina sakha kulesosisekelo ngoba ngikholwa ukuthi sakhelwe eZwini likaNkulunkulu. Ngakho-ke yingalesosizathu namhlanje ukuthi angisiye owamaqembu ehlukene noma ngicheme nomunye, angikho lapha ukuchema namaqembu, ngilapha ngomgomo engiwumeleyo, nalowomgomo nguMbuso kaNkulunkulu.

²⁰ IChurch of God yakha phezu komgomo wakho *lapha*, nansi i-Assemblies of God *ngapha*, ne-Oneness phakathi *lapha*, nabehlukene, ukuthi amaqembu ahlelwe kanjani nxazonke, abangakhethi-hlelo, kodwa yikho konke, okufanele kube yikho, futhi ngikholwa ukuthi yikho, kwakhelwe ikakhulukazi phezu kukaKristu. Ngakho yingalesosizathu ngingachemi namaqembu. Ngukuba ngithi, “Ngizoba yiChurch of God.” Lokho kuyoba kuhle, masinya nje ngiyoba ngoweChurch of God, njenge-Assemblies, futhi masinya ngiyoba ngowe-Assemblies, njengoba bengiyoba ngowe-Oneness, noma ngabe kuyini, akunandaba kimi, kodwa kuneNgolobane eyodwa enkulu, uMgomo owodwa omkhulu, lowo nguKristu.

²¹ Futhi yingakho ngime nani bazalwane ngalendlela, ukuze sithwalisane, futhi nginise nithwale umthwalo, futhi ngimele ihlazo nani ngenjabulo enhliziyweni yami ukwazi ukuthi ngicheme nalokho engicabanga ukuthi kulungile, okusekelwe phezu komBhalo. Futhi lapho ngifika edolobheni, yingalesosizathu ngithanda ukuza esikalini esingakhethi-hlelo, ukuthi wonke umuntu wemukelekile, wonke umuntu nawo wonke—wonke umuntu, si... yile yondlela esikuthanda ngayo.

²² Futhi uma umuntu enomsebenzi, uma e—uma eyihlelo noma ozimele, inqobo nje uma esakha kuKristu, ngiyamesekela ngokugcwele. Uma eyiMethodisti, noma iBaptisti, ngi... noma iPresbyterian, noma iLuthela, noma ngabe kuyini, ngifuna ukubambisana naye, noma kanjani.

²³ Futhi mangiqathaze lento encane kini bazalwane, njengoba ngazi ukuthi ningamahlelo ehlukeni, ngiyacabanga... Angikaze ngikhulume kanje eqenjini labantu, kodwa kulendawo yalapha, wena...futhi—futhi kuso sonke i—isizwe sekuya ngokuya manje: Uma udeveli engasigcina sehlukene, u—usithole sidubulana, ngakho u—u—unokuhlosiwe okuvulekile nomaphi lapho afuna ukudubula khona. Futhi kusizani ukudubula, siyadubulana na? Niyabo? Niyabo? Ngakho-ke angahlala aqhiyame futhi aziphumulele.

²⁴ Kodwa nake...? Ake ngininike nje...Uma ngifumene umusa emehlweni enu ngoNkulunkulu, thathani izwi lami ngalokhu, bazalwane: Uma ufuna ukuba yisibusiso, futhi uthole isibusiso, lapho umuntu enze okungalungile kuwe, futhi ngokoqobo uye wa, ngokulunga, u...Ngigonde ukuthi wenze okungalungile kuwe futhi uyazi ukuthi wenze okungalungile kuwe, wenze okubi kuwe, ungakusho lokho, myise emkhulekweni phambi kukaNkulunkulu.

²⁵ Futhi ungakuthathi ngendlela yobugovu nje, futhi uthi, “Awu, ngifanele ngenze lokhu,” kodwa yima ngehlombe lakho ehlombeni lakhe, futhi ume eBukhloneni bukaNkulunkulu uBaba wethu, indlela umkhuleko ofanele wenziwe ngayo eBukhloneni bukaNkulunkulu, uthi, “Baba, nangu umfowethu, futhi yena—yena, ngobulungiswa, ufanelwe ukujeziswa ngoba we—wenze okubi kimi, futhi angiboni ukuthi kungani ekwenzile.” Khona-ke vumela uNkulunkulu ahambe akhulume nawe, futhi uzobona mhlawumbe, ukuthi leyondoda yedlule kukuphi, udeveli uyisontile ndawo ndawo futhi wayibangela ukuba yenze lokho. Nakuba inephutha uqobo, ngaphambi kokuba usuke esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu uyobe uyidabukela leyondoda, uyobe uzwelana nalowomfowethu.

²⁶ Futhi lapho ubuyela ezansi lapho...umhlaba futhi, uzoya ngale kulowomfowethu futhi umxhawule, ngoba uyazi ukuthi wedlule kukuphi. Ungeke wama nosazofa eBukhloneni bukaNkulunkulu futhi ulahle noma ubani, angikholwa, qhabo, mnumzane, ngisho noma eyisoni esikhulu.

²⁷ Futhi kuthiwani ngomfowethu owenze iphutha na? Nakuba ngithi u...Ngezinye izikhathi usolwa ngokungesikho lapho engenaphutha. Kodwa uma enephutha, awu, uma sizomyisa esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, sime lapho silekelelane nomfowethu, sazi ukuthi ungosazofa, futhi mhlawumbe isiphethelo sakhe siphumula phezu kwesimo sethu sokuziphatha ngakuye, lapho sesibuya esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, siyoqonda ukuthi sonke sinecala, futhi sonke sidinga usizo omunye komunye; futhi indlela engcono kunazo zonke yokwenza ukukhuleka.

²⁸ Manje, lemigomo emikhulu, iBandla elikhulu likaNkulunkulu ophilayo, uma beLingakwenza, uma...

Belingeke lidingeke ukuba lithi, “Manje, sonke sizoba ngabalenglangano, noma *leyo*.” Uma bebeyohlangana enhliziyweni, nganhliziyonye, bekuyoba nemvuselelo eshaya lelizwe sengathi ayikaze ibonwe. Uma abantu onesehlakalo sePhentekoste bebeyohlangana nje enhliziyweni ndawonye, amahlelo abo mawagijime noma ngayiphi indlela abafuna ngayo...

²⁹ Kwenza mehluko muni lokhu kushayisana okuncane, nokunye nokunye na? Ngudeveli nje ezama ukugcina iBandla elikhulu esiyaluyalwini ngaso sonke isikhathi. Empeleni, eZenzweni 10:35 kulotshiwe ukuthi uNkulunkulu akabheki buso bamuntu noma isizwe, kodwa U—Uhloniphile ngalabo abakhonza uNkulunkulu futhi benze okulungileyo. Niyabo? Si—siyazi ukuthi lokho kuqinisile. UNkulunkulu uhlonipha umuntu one...

³⁰ Enkonzweni, ngi—ngiyacabanga kulokhu ukusa, ukuthi bekuyoba kühle kimi ukusho lokhu, ukunikhombisa ukuthi kunomthelela onjani. Abantu baseMelika, nina bazalwane, nisansimini el'khuni ukwedlula yonke ekhona, noma kuphi. Ngike ngaba se-Afrika, eNdiya, emhlabeni wonke ngokuphathekayo, kodwa a—angikaze ngiyibone insimu enzima kangaka ukuyilwa njengalapha, iMelika. Lokhu kudinga izithunywa zenkolo kabi kabi ukwedlula noma yikuphi engake ngakubona empilweni yami yonke, ngokuba umhedeni ofundile ulukhuni kakhulu ukubhekana naye kunomhedeni ongafundile. *Umhedeni* ngo “ngakholwayo.” Futhi unalokho, futhi unempi lapha.

³¹ Isithunywa senkolo singahle sibe nenqwaba yezinto ukuba silwe nazo, umalaleveva, ne-ameba, nokunye nokunye kanjalo, kodwa asinayo imimoya yamademoni ukubhekana nayo, ngiqonde lawomademoni elingene emadodeni anomqondo ophucukile. O, ukhuluma ngento ethize enzima ukubhekana nayo!

³² Muva nje ngibe nokudla kwasekuseni nesigejane sabefundisi, futhi ngikusho lokhu ngezinhlonipho, bazalwane: Ngingaqoka ukuba nesidlo sasekuseni nesigejane sezinyanga bathakathi (Manje, lokho kuzwakala kukubi kabi ukukusho.) kunalamadoda. Bengiyoba nokwamukelwa okungcono, bengiyoba nomoya omningi wokuvumelana nesigejane sezinyanga bathakathi, izikhathi eziningi, kunoma bengingenza kulesosigejane sabefundisi. Into embi kabi! Nkulunkulu sikhulule kokunjalo!

³³ Sihlakaniphe kakhulu, yonke into isusiwe kuMoya, “YiZwi, yiZwi, yiZwi.” Nkulunkulu, mina, impela, ngiyakholelwa eZwini, kodwa uma uMoya ungavumelani neZwi, khona-ke unento ethize exovekile ndawondawo.

³⁴ Bukani ngenkathi...UKayini, wayekholwa impela nje futhi impela eneZwi njengoba u-Abela wayenjalo, kwakuyisambulo esenza umehluko. Bobabili bakhonza, bobabili baletha imihlatshelo, bobabili bakha ama altare, bobabili babengabebandla, bobabili babeqotho, bobabili bakhonza. Ngakho uma uNkulunkulu ehlonipha ubuqotho kuphela nokuqavile, Akamhloniphanga ngani uKayini na? Kodwa ngesambulo u-Abela, engolungileyo, ngesambulo, akukho-miBhalo ngalezozinsuku, uNkulunkulu wayekwembulile kuye ukuthi kwakongeziso isithelo, ama-apula namawolintshi, okusikhiphe ensimini yase-Edene, kwakuyigazi, ukuphila.

³⁵ Ohambweni lwabo, abantwana bakwa-Israyeli, benyuka babhekana nabantwana bakwaMowabi. UMowabi, izwe lakwaMowabi lalingesuye ophikinkolo, babekholwa kuNkulunkulu ofanayo u-Israyeli ayekhohlelwa kuye, futhi bonke babehlelwe ndawonye, ngokuqina, isizwe esikhulu; u-Israyeli wayehlala emathendeni, wayengenasizwe. Angikusho lokhu ukuba ngibe luhlaza manje, ngikusholo iphuzu: U-Israyeli ufana kakhulu nongakhethi-hlelo, wayengenazwe elingelakhe, okwamanje.

³⁶ Futhi kwakukhuphuka. Bacela imvume ukuba bedlule ezweni lomfowabo. Futhi batholani na? Benqatshwa. Futhi babene...UBalami uyaphuma wayesakha ama-altare akhe, ama-altare ayisikhombisa, yena, niyaqaphela, wabeka imihlatshelo eyisikhombisa ehlanzekile kukho, izinkunzi, kanti futhi wabeka izinqama eziyisikhombisa, kukhuluma ngokufika kukaKristu.

³⁷ Futhi ezansi ekamu lika-Israyeli kwakuyimihlatshelo efanayo nje, ngakho, ngokuqavile, uMowabi wayeqavile nje njengoba u-Israyeli wayenjalo. Kodwa into abehluleka ukuyibona yilokho izwe elihluleka ukukubona namhlanje, nomprofethi wabo enhla lapho wehluleka ukukubona. UBalami wacabanga, impela, ukuthi uNkulunkulu ongcewele wayezobalahla abantu abanjalo, kodwa wehluleka ukubona leloDwala elishayiwe, leyonyoka yethusi, neNsika yoMlilo, izibonakaliso nezimanga. UNkulunkulu ubehlala njalo ehlala nabantu; lapho uNkulunkulu wayekhona, izibonakaliso nezimanga kwenzekile, bekuhlala kunjalo.

³⁸ Yileyondlela ababuka ngayo ibandla lePentecostal namhlanje. "O, bonke baba yisigejana, bayilokhu, lokho, nokunye." Awu, ubani ongenjalo na? Ngitshele ibandla elilodwa elingenjalo. Bukani ibandla lethu leBaptisti, bukani amahlelo, nezinzalo, iFree Baptisti, iBaptisti enegobolondo elilukhuni, iPrimitive Baptisi, izigaba ezechukene ezingamashumi amathathu-mento zabo, kubi nje njengePentecostal, futhi bayaqophisana futhi balwe omunye nomunye ngendlela efanayo. Bukani ibandla leMethodisti, ngisho nebandla eliKatolika, noma yiliphi lawo.

³⁹ Kodwa abehluleka ukukubona, bakhwela kini bazalwane isikhathi esiningi, ngoba amaphephandaba, wenza iphutha, makuthi omunye wabazalwane bethu enze iphutha futhi enze okuthize kokungaziphathi kahle, bhekisisani amaphephandaba ezweni lonke azokusabalalisa ngawo onke amandla abo, lowo ngudeveli, kodwa makuthi omunye walaba abanye abefundisi akwenze, kuthule du; kodwa ezincwadini zaseZulwini kuyafana nje. Kunjalo.

⁴⁰ Kodwa isizathu sokuba ngithathe amahlombe ami nani bazalwane, kukhona ukumemeza kweNkosi ekamu, kukhona izibonakaliso nezimanga ezilandela lababantu. Benza amaphutha abo, futhi bathola inqwaba yezimfundiso ezigqamileyo, nenqwaba yombhedo. Niyazi ukuthi bazalwane, ni...Singahle nje sibhekane nakho. Kunjalo. Sinenqwaba yezinto eqhubekayo yokulingisa, nokunye nokunye, lokho akulungile, kodwa kunento yangempela lapho, futhi. Kunjalo.

⁴¹ Ngenkathi uJesu efika, Wayengoqavile nje njengabaFarisi, abaFarisi abakwazanga ukukukholwa, kodwa uJesu wayengoqavile, kodwa kwakukhona izibonakaliso nezimanga zilandela inkonzo yaKhe. Lapho abaFarisi babeneZwi ngokufanayo nje njengoba Wayenalo, iZwi elifanayo, kodwa yisambulo sokomoya. UJesu wafakaza kukho ngenkathi Ehla entabeni, futhi Wathi, “Abantu bathi Mina, iNdodana yomuntu ngingubani na?” Omunye wathi u-Eliya, nomunye wathi Kwakungumprofethi, kanjalonjalo. Wathi, “Kodwa nina nithi ubani na?”

Futhi uPetru wathi, “Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.”

⁴² Manje, ibandla eliKatolika lithi uPetru wayeyidwala, futhi phezu kwalelidwala iBandla lakhelwe kulo, ibandla lamaProtestane lithi Kwakuphezu kukaJesu, iDwala, kungesikho ukwehluka, mabakholwe abakufisayo, inqobo nje uma kukuKristu, kodwa ngi—ngiyehluka kuyo yomibili imibono, ngikholwa ukuthi kwakungekho phezu kukaPetru ukuthi iBandla lakhiwa, kanjalo kwakungekho phezu kukaKristu iBandla lakhiwa, kodwa kwakuphezu kwesambulo sokomoya ukuthi WayenguKristu. Niyabo? Niyabo?

⁴³ “Inyama negazi akukwambulelanga lokhu,” ikholiji elithile, isikole esithize, isayense ethize yezenkolo, esinye isihlakaniphi, “inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini, phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi,” isambulo sokomoya, hhayi ngeZwi, hhayi ngehlelo, hhayi ngesivumokholo, hhayi ngokunye nokunye, kodwa phezu kwesambulo sokomoya ukuthi uJesu unguKristu, “Ngiyakulakha iBandla laMi.”

⁴⁴ Manje, ungahle ukukholwe lokho engqondweni yakho, lapho ukholwa lokho enhliziyweni, unokuPhila okuPhakade.

UJesu wathi kuJohane oNgcwele 5:24: “Ozwa iZwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade.” Thatha lelogama *Phakade* bese ubona ukuthi lichaza ukuthini, ulibuyisele esiGrekini, uyolithola *Zoe*, “UkuPhila kukaNkulunkulu uQobo.” UnokuPhila okuNgafi kuwe, ngoba ini na? Ukholiwe kuYe eyiNdodana kaNkulunkulu ezelwe yodwa futhi waMemukela njengoMsindisi oqondene nawe. Hhayi ngezihlakaniphi, kodwa ngokuzalwa, ukuthi uNkulunkulu ukwehlise kanjani futhi wakwembula kuwe ngesambulo sokomoya.

⁴⁵ “Ukukholwa kuvela ngokuzwa.” Ukukholwa kungukuzwa, lapho ukuzwa. Kodwa ukukholwa akusiyo into. Isibonelo nje, ngilapha, ngibulawa yindlala, futhi nginicela u—ulofu wesinkwa, futhi unginika amasenti angamashumi amabili nanhlanu, lawo ngamandla okuthenga ulofu wesinkwa, manje, ngingajabula kakhulu nje ngamasenti angamashumi amabili nanhlanu njengoba bengingajabula ngolofu wesinkwa, kodwa nokho, akusiwo ulofu wesinkwa, akusiwo ulofu wesinkwa, kodwa ngingajabula ngawo. Ngizogcina amasenti angamashumi amabili nanhlanu, ngazi, “Ngiyabonga, mnumzane, impilo yami manje izakusindiswa.” Kodwa anginaso isinkwa. Niyakuthola engikuqondile na? Niyabo? Ngokukholwa usindisiwe, kodwa yisambulo sikaKristu esiletha imiphumela. Niyakuthola engikuqondile na? Niyabo? Yilokho engikhuluma ngakho.

⁴⁶ Yilokho izwe elikulambe. Futhi isizathu sokuba lonke izwe lingangeni enkollelweni yePentecostal njengoba sinayo yingoba yisimo sethu sokuziphatha komunye nomunye. Lelo yiqiniso, bazalwane. Kungenxa yokuthi ukunganaki kwethu komunye nomunye, babona *oyedwa* ekhuluma ngokumelana *nomunye*, *omunye* emelene *nomunye*, *lona* emelene *nalowo*, *nalelihlelo*, *bayakwesaba*.

⁴⁷ Angazi ukuthi isisombululo siyini. Ngikuzamile. Omunye ufuna uku... Uma *leliqembu* lizoxhasa, awu, bonke abanye ngeke bazihlanganise ngalutho nalo. Ungazibonela ukuthi i—isikhundla esinjani okungibeka kuso. Futhi ngithi, “Awu, uma ngivumela *lona*, *omunye* angeke, khona-ke ngeke bahlangane.” Ngakho ngacabanga, “Awu, ngizovele ngihambe ngaphandle kwanoma yimuphi wabo, ngizohamba, noma kanjani.”

⁴⁸ Lokho akulungile, ngithole ukuthi lokho kuliphutha, ngoba e—eNdiya nganginento efanayo, lapho ngiqagele ukuphenduka okuphindwe kabili okwenzeka e-Afrika, ekubizeleni e-altare okukodwa, kodwa kwakungekho-muntu lapho ukuba akuxhase, ngakho bayaphi na? Babuyela emathempelini kaBuda, kanjalonjalo. Nifanele niziqonde lezizinhlangano, nalezizindawo lapho abanezimishini khona, nokunye nokunye, ukuletha abaphendukile bakho kuzo, nalamabandla ezweni lonke. Ngakho, niyabona ukuthi isimo esibucayi esinjani okungifaka kuso lapho ngizama ukuma ngizimele na?

⁴⁹ U-Oral Roberts wangitshela lokho ngesinye isikhathi. Niyabo? UngowePentecostal Church of God, ngiyakholwa, noma iPentecostal Holiness Church of God, okuthize, okunye kwalokho. Empeleni, niyabo, umelwe kanye nebandla, lapho engimi khona ngikhululekile ebandleni, futhi nokho neBandla, ngikanye neBandla *uqobo*, owangempela, uMzimba kaKristu ngawo onke amahlelo, niyabo, ngizama ukusidonsela ndawonye. Bengifuna ukunichazela lokho ukuze nina bazalwane nizoqonda.

⁵⁰ Futhi manje, uma uya endaweni futhi ube neqembu labaphendukile, hamba nje futhi umise umhlango, uthi, “Ngilapha.” Abantu bazofika, kunjalo. “Lapho kukhona isidumbu, izinkozi zizobuthana khona.” Kodwa uma-ke i... Baba ngabaphendukile, manje-ke ubani ozobathatha, ubani olapho ukukubamba na? Ubani olapho ukulonda lokho, noma, agcine lokho osuvele ukubambe ngenetha leVangeli na? Ubani ozocosha inhlanzi na? Uma zilele osebeni, zizobhubha. Omunye uzofanele abe lapho ukwenza lokho. Ngakho nje ni... Angikwazi ukusebenza ngaphandle kwenu, bazalwane.

⁵¹ O, uma bonke bebengaba munye enhliziyweni, nasemgomweni ofanayo, futhi nje badilize imehluko emincane! Khona lapha kulelidolobha namhlanje, uBilly Graham angeza kulelidolobha, futhi uzoqala ezansi lapha kulelitabernakele elincane eligcwele eziyishumi nanhlanu, izinkulungwane ezingamashumi amabili, mhlampe, noma ngalapho, phakathi nesikhathi engibe ngaso lapha. Kungani na? Ngoba bazihlanganisa ndawonye, bakuzwana kunye.

⁵² Uma bengakwenza lokho ngencwadi iletha, sifanele sikwenze kakhulu kangakanani ngoMoya na? Niyabo? Uma u—uma umfowethu, uma u-Oral Roberts, uma abanye babanye abazalwane, beyoza edolobheni, asikuhlole, kuyimisebenzi yethu ukuma ngakubazalwane bethu. Niyabo? Kunjalo. Futhi manje-ke kenzani lokho na? Kuyakhombisa emphakathini. Uma singakwenzi, khona-ke kenzani emphakathini na? Niyabo, lapho, “Babuke, lapha, banalomfo phakathi lapha.” Niyabo? Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Yilokho okwenzekayo.

⁵³ Manje, imiphumela yemvuselelo ingazwakala indawo ende uma... Futhi kuzo—kuzozuzisa lonke iBandla likaNkulunkulu. Ukuba—ukuba besinabaphendukile abayikhulu kulobubusuku, futhi omunye waya kwelinye nelinye lamabandla akho mfowethu, niyabo, noma ngabe bekuyini, lokho akuthinti nje ibandla *lakho* kuphela, ibandla *lakho*, nebandla *lakho*, kodwa kuthinta uMbuso kaNkulunkulu ngayinye yalezizindawo.

⁵⁴ Yilapho engizama ukwakhela khona, kulapha. Phansi lapha akunandaba kimi ukuthi ini, uma befuna ukubhaphathizwa ngalendlela nangaleyo ndlela. Kwenza mehluko muni lokho,

empeleni na? UNkulunkulu ukunika uMoya oNgcwele unokuyinqaba kwakho, Unginika uMoya oNgcwele nginokuyinqaba kwami, noNkulunkulu unika labo uMoya oNgcwele abaMlalelayo. Manje, ubani owaMlalelayo na? Niyabo? Nakho lapho okhona. Niyabo?

⁵⁵ Siba nebhadi lokuthola lemisebenzi emincane engalungile, nezinto, futhi yilokho nje udeveli akufunayo. Kodwa ngiyakholwa, bazalwane bami, ukuthi kuza ihora lapho ukuhlushwa kwezinga kwangempela kuzosigijimisa ndawonye, khona-ke sizoba munye, iBandla lizohlangana ndawonye, ngikholwa ukuthi konke kusekwenzeni kukaNkulunkulu, emva kokudweba lesisithombe kini.

⁵⁶ Ngenkathi—ngenkathi ithempeli likaSolomoni lakhiwa, lasikwa emhlabeni wonke. Nebloksi elilodwa lalisahwa *ngapha* nelinye *ngapho*, kodwa lapho ehlangana ndawonye, lonke itshe laya endaweni yalo ngaphandle komsindo wesando noma ukubhuza kwesaha, futhi kwakuyibandla likaNkulunkulu ophilayo.

⁵⁷ Futhi ngikholwa ukuthi ngeChurch of God esiProfethweni nelinye ibandla elikhulu, iLee College, noma ngabe yiliphi elilapha, nangani bazalwane be-Assembly, ngani bazalwane abazimele, nangani bazalwane be-Oneness, nangani nonke, ukuthi uNkulunkulu usika amatshe. Ngelinye ilanga leloTshe leNkosi, leloTshe elanqatshwa... Ngenkathi ibandla likhuphukela kude kakhulu, bathola ukuthi babene—babenetshe elixakile, abatholanga ndawo elalinganela kuyo, kodwa bathola ukuthi lelo kwakuyitshe legumbi eliyinhloko. Futhi ngiyacabanga, bazalwane, ukuthi ngolunye lwalezizinsuku, sizoqonda ukuthi itshe legumbi eliyinhloko liwuthando lukaNkulunkulu, uKristu, ezinhliziyweni zethu elizosibopha sonke ndawonye njengoYedwa, khona-ke iBandla elikhulu lizovalwa phezulu futhi uNkulunkulu uzoLiyisa enkazimulweni.

⁵⁸ Ezinkonzweni, ngingahle ngininike umbono omncane nje wezinto ezithize zenzeka ukuze nibone lapho iNkosi yethu uNkulunkulu, uMelusi wezimvu omkhulu womhlambi, ukuthi Uhamba kanjani ngezindlela ezimangalisayo. Ngishilo kulokhu ukusa ukuze nina bazalwane niqonde: Uma omunye ethi, “Ngabe uMfowethu Branham uyi-Assembly na? Ngabe uyi-Oneness na?” Ya, ngiyi-Assembly, ngiyi-Oneness, ngiyiChurch of God, ngiyiPilgrim Holiness, ngiyiNazarene, ngi—ngi—ngi—ngingoka Kristu, okungukuthi nonke ningabakhe, niyabo. Futhi ngakho, ngi—ngingowalowo nalowo wokwenu... wenu bazalwane, si—singabazalwane ndawonye. Niyabo? Futhi manje, yileiyondlela esifuna ukuphila ngayo, yileiyondlela esifuna ukwenza ngayo, lokho ngukuthi... .

⁵⁹ Emndenini wakini, abantwana bakho uqobo, cishe kukhona ababili babo abazovumelana omunye nomunye, kodwa

bangumndeni ofanayo, impela, banjalo. Bangahle behluke ngezici, bangahle behluke ngokuthanda ukudla okuthile, bangahle behluke ngandlela zonke, kodwa nokho bangumndeni owodwa; futhi singumndeni kaKristu. Manje, angizami ukuthi, “Jimmy, ngikanye nawe; John, ngimelene nawe.” Ngithi, “Jimmy noJohn, sobabili sisemndenini ofanayo.” Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Sonke sisebenza ndawonye kulelipulazi ukuze siphilise umndeni.

⁶⁰ Manje, yile yondlela engimi ngayo. Uma noma ubani kwenzekile anibuze, noma ngasiphi isikhathi, kwaziseni nje lokho, bazalwane. Nginesikhathi esibi kabi, umzabalazo omubi kabi, impela kunjalo. Kodwa nginethemba ukuthi ngolunye usuku iNkosi yethu ebusisiweyo izofika.

Necilongo leNkosi liyokhala, nesikhathi
asisayikubabikho,

Ukusa kusa iPhakade, kukhanya futhi
kukuhle,

Futhi ngenkathi abakhethiweyo baKhe...

(IC Church of God, i-Assemblies, nabo bonke.)

Lapho abakhethiweyo beyobuthana eKhaya

labo ngaphesheya kwezibhakabhaka,

Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya,
ngiyoba khona.

⁶¹ Ngi—ngi—ngizoba lapho nani bazalwane, inhliziyoyodwa, ukuvumelana kunye, singabe sisahlukana, yiloloSuku esilukhandlekelayo.

⁶² Sinesikhathi esingakanani na? [Umfowethu uthi, “Noma esingakanani njengoba ufuna ukusithatha.”—Umhl.] Nje ngi... Ake ngibe nje neminye imizuzu eyishumi [“Qhubeka nje.”], okobufakazi nje. Ngabe kulungile, mfowethu na? Nonke nijahile kakhulu na? [“Qhubeka.”]

⁶³ Ngithanda ukunitshela isehlakalo esincane ndawo ndawo, sento ethize eyenzekayo. Ngokuqhubeka nje emhlanganweni, angithandi ukusho lezizinto emhlanganweni, ngoba kungahle kuzwakale kungokuqondene nomuntu siqu. Nina bazalwane ninga—ningamadoda lapha, ni—niyaqonda. Niyabo?

⁶⁴ Umhlangano eNdiya kungekudala... Ngifuna ukunitshela ukungabi nasiphosiso kwemibono. Futhi e... Ngibe nombono maduze nje wokuwelela eNdiya nase-Afrika, neNkosi yayingitshelile, Yathi, “Hamba uye e-Afrika kuqala, bese wenyukela eNdiya.” Futhi kokunye ukuxubanisa, nokunye nokunye, imenenja yathi kimi...

⁶⁵ Angifuni ukubhekisela njengemenenja, angilokothi ngisho kuMfowethu Vayle, eyimenenja, sineMenenja eyodwa, lowo nguMoya oNgcwele. Niyabo? UMfowethu Vayle ungobambisana nami, ungumfowethu, kuyenzeka nje enze amalungiselelo emhlangano futhi engisiza. Futhi akaseyona imenenja

yemihlangano yami kunami ngiyiyo yenu, noma nina, nonke niyafana. Sonke nje singumndeni owodwa omkhulu noMzimba owodwa omkhulu, asikho ngaphezu komunye, sonke siyafana nje, singubunye bukaNkulunkulu busebenza ndawonye.

⁶⁶ Futhi ngabhala umbono masinya emva kokuba ngangi—nganginombono ngalokho kusa. Kwase kuthi-ke ngenkathi imenenja, njengoba simbiza kanjalo okwamanje, wayenze amalungiselelo okuya eNdiya. Futhi wa—wayengayithandi i-Afrika kahle kakhulu, ngakho wathi kimi eChicago, wathi, “Mfowethu Branham, ake nje seqe i-Afrika, futhi siqhubekele eNdiya.”

Ngathi, “Lokho kukuwe, mfowethu, nomaphi lapho iNkosi ifuna ngisebenze khona, kulungile.”

⁶⁷ Ngiyakuzwa lokho, bazalwane, futhi njengaphakathi lapha, noma ngabe sine...Ngingaqoka ukuba sezansi lapha kulomhlangano nabantu abahlanu bethamele kuleloholo elikhulu elihlalisa izinkulungwane eziyisithupha futhi babe sentandweni kaNkulunkulu kunokuba nendawo ijikisa izinkulungwane ezinhlanu njalo ebusuku futhi baphume entandweni kaNkulunkulu. Niyabo? Into esemqoka ngukwenza intando kaNkulunkulu, noma ngabe kuncane, noma ngabe kukhulu, noma ngabe kuyini.

⁶⁸ Ngisanda kubamba imvuselelo ebandleni elalimumethe abantu abangamashumi amabili, imvuselelo. Anginayo ithelevishini, anginazo izinhlelo zokuxhaswa, kumbe noma yini, abantu bavele bakhokhe izindleko, futhi yilokho kuphela okukhona kukho. Niyabo? Niyabo? Futhi ngakho angifuni nayiyiphi yalezozinto. Uma ngikwenza, ngibophezelekile.

⁶⁹ Ucabanga ukuthi uMfowethu Oral Roberts othandekayo, ongumngane wami wesifuba nendoda yangempela kaNkulunkulu, ucabanga ukuthi u-Oral Roberts ubengafika endaweni futhi abambe umhlangano izinsuku ezimbili noma ezintathu ebandleni elalimumethe abantu abangamashumi amabili, lapho kuthatha cishe amadola ayizinkulungwane eziyisikhombisa noma eziyisishiyagalombili ngosuku ukuba achume na? Impela, ubengeke. Ubengathanda ukukwenza, kodwa angeke akwenze, ungaphansi kwesibopho esinjalo.

⁷⁰ Manje, anginabo ubuchopho bokwenza lokho akwenzayo, noNkulunkulu uyakwazi lokho, ngakho Uvumela u-Oral enze lokho, Ungigcina nje ngalendlela lapho enginga... Niyabo, uma nje si—uma nje siqonda ukuthi uyini umkhawulo wethu—wethu, ukuthi yini esingayenza! Ngakho manje-ke, angidingi ukuba nemali, ngakho lokho yi... Nakho lapho okhona. Niyabo? Ngingaya noma yikuphi lapho Angithumela khona.

⁷¹ Uma Efuna ngiye e-Afrika futhi ngishumaye kubantu abayizinkulungwane eziyikhulu, Uzoveza imali, Unakho konke okwakho, empeleni, ngakho angidingi ukuba ngikucele,

ngakho Uvele anginike khona. Uma Efuna ngehlele ko—kongcwele omdala waseTimbuktu, uGravel Switch, noma ndawondawo, niyazi, futhi ngishumaye kubantu abayishumi, amen, ngizohamba nje futhi ngihlale aze Angitshela ukuthi sekuphelile. Ngakho yile yondlela... Ngi—ngizama ukuphila ngale yondlela. Anginalutho, akukho zinhlelo zokusekelwa, noma lutho. Niyabo?

⁷² Manje, angisho... Niyabo, manje leyo yingxenye yami. Manje, uMfowethu Oral Roberts, uNkulunkulu umnike enye into ukuba ayenze. NoMfowethu A. A. Allen, nabaningi balabo abanye abazalwane abanokusakaza okukhulu komsakazo, nezinto, bafanele babe nemali. Ngiyasiza ukubasekela mina uqobo. Niyabo? Ngenza konke engingakwenza, ngoba ngiyaqonda ukuthi lowo ngumfowethu.

⁷³ Bengingeke ngagcwalisa indawo yakhe, futhi ngi—ngithi ukujabula ukuthi angidingi ukuba ngikwenze, niyabo, ngoba anginawo amandla engqondo okusebenza lezozinto, futhi ngakho—ke ngihlala nje ngendlela engiyiyo. Wena... Njengoba uCongressman Upshaw wayevame ukuthi, “Ungeke waba yilutho ongesilo.” Kunjalo. Futhi ngokushesha sikuqonda lokho, sizoba ngcono.

⁷⁴ Yiba nje yilokho oyikho, uNkulunkulu ukufuna ngendlela Akwenze ngayo. Futhi nje kugcine engqondweni lokho, futhi nje ube yilokho... uma kungudomethe, yiba ngudomethe, ngifuna ukuba ngudomethe obedlula bonke Ake aba nabo, uma—uma ngifanele ngibe udomethe, noma ngabe kuyini eNdlini kaNkulunkulu, mangisebenze isikhundla sami ngokwedlula konke engingakwenzela Yena.

⁷⁵ Manje, ngakho e-Afrika, wayengafuni ukuhamba. Ngase ngithi, “Kulungile, ngeke sihambe.” Khona—ke, endleleni sengibuya ngaya ekamelweni lami, futhi ngenkathi ngikwenza, kwakukhona ukuKhanya kulenga lapho emnyango, Kwathi, “Yiya e-Afrika njengoba Ngishilo.” Ngashayela umfowethu ucingo emuva emizuzwini embalwa ngase ngithi, “Siya e-Afrika.”

⁷⁶ Ngalinda unyaka, ekugcineni ukuthi ngikwenze kanjani angazi, kodwa enye indlela yakhuphuka. Ngathola indlela yami endleleni yami ngibuyela eNdiya. Ngenkathi ngi—ngihlangana noLisbon, ePortugal, lapho engangizoba nomhlangano khona lapho, futhi ngiqhubeka ngiwelela futhi ngaba nenkonzo yokuphulukisa khona ngqo emathunzini edolobha laseVatican eRoma, kodwa ngenkathi ngisePortugal, ngagula, ngangingazi ukuthi kungani. Ngangiphumile noMbusi futhi nganginenhlanzi, futhi bayipheka ngamafutha omnqumo, futhi, he, ngangigula ngempela. Ngangizama ukuba ngumnumzane ohloniphekile ukuba ngiyidle, kodwa ngiyakutshela, ngangimhlophe wonke umlomo, ngangigula

kakhulu, leyonhlanzi endala, futhi yayiphekwe emafutheni omnqumo. Ngakho, futhi wathi, “Mfowethu Branham, ubukeka ugula kancanyana.”

Ngase ngithi, “Ngizwa ngendlela efanayo.”

⁷⁷ Ngakho ngenkathi ngehlela egumbini lami lasehhotela, udokotela uyenyuka emva kwesikhashana. Qiniso, a—angizami ukuphawula, kodwa wayenephilisi lapho elikhulu njengebhokisi phezulu kwaleyo onto, futhi wayefuna ngiligwinye. Ngathi, “Dokotela, bengi—ngingeke ngilinye ihhashi lami eligitshelwayo.” Ngathi, “Likakhulu...” Ngani, ubungeke ulehlise emphinjeni wakho, angikaze ngilibone iphilisi elinjalo empilweni yami. Ngathi, “Ngingalehlukanisa na?”

Wathi, “Qhabo, ligwinye.”

⁷⁸ Ngase ngithi, “Awu, umzuzu nje kuze kuphele lokhu ukugula.” Ngalinda waze waphuma futhi ngayilahla into. Ngakho-ke, kodwa wayeyi—yindoda ekahle. Futhi—futhi sakhuluma kakhulu ngeNkosi uJesu, yena eyiKatolika, ngakho, kodwa sakhuluma ngeNkosi.

⁷⁹ Kwase kuthi-ke, ngenkathi ngisa...ngagula kakhulu ngalobobusuku, uBilly wama ngakimi, nabo bonke abanye babengishiyile lapho. Ngase ngithi, “Billy, angicabangi ukuthi ngingakwazi ukuphila kuze kube sekuseni.” Futhi ngangigula kakhulu nje, nje a—nje angikwazanga, angibange ngisakwazi ukuphefumula, ngangigula kakhulu umoya wami wawungafiki ngisho, kwadingeka ngiphoke ukuphefumula kwami, futhi ngaleyo ndlela ubusuku bonke.

⁸⁰ Ngokusa okulandelayo ngaqala ukungena kubhavu wokugeza ukuthatha i...indlu yokugezela ukuba ngingene komunye walabobhavu abakhulu, ithawula eliwusayizi ophindeke kabili walamatafula, futhi—futhi ngakho ngangizogeza—geza, nakho kulenga lokho kuKhanya lapho, futhi Kwathi, “Angikutshelanga yini ukuba uye e-Afrika kuqala na?”

⁸¹ Futhi ngawa ngobuso bami futhi ngaqala ukukhala izinyembezi, ngase ngithi-ke, “Nkosi, ngi—ngi...ngivumele nje ngiye kwenye indawo futhi ngizitholele indlwana encane yezingodo phandle ezintabeni, futhi ngicuphe, futhi ngizingele njengoba bengihlala ngifuna, bengi—ngingeke ngaba yinceku yaKho, a—anginawo ngisho a—amandla engqondo ukuKukhonza.” Ngathi, “Ngi—ngikho hlwe yikho konke ngalokho.” Futhi ngakubhala phansi ngase ngikuthola; ngicabange ukuthi benginakho ebhukwini lami lephakethe manje, kodwa anginakho, kodwa nginakho ephepheni.

⁸² Awu, ngaqhubeka, Wangitshela ukuba ngenyukele eNdiya, engakwenza. Bese kuthi-ke lapho sengibuya ngicabanga iminyaka emine manje ukuthi angiyilalelanga iNkosi. Futhi ngenkathi ngi...Ngibuka lowombono obhalwe phansi,

engiwufunde izikhathi ezingamakhulu, umbono washo ukuthi ngiyoya eNdiya kuqala, bese-ke ngibuyela e-Afrika, kodwa Wangitshela ukuba ngiye e-Afrika kuqala bese-ke ngiya eNdiya, kukhombisa ukuthi uNkulunkulu wayazi ukuthi ngiyomehlulekisa, kodwa iZwi laKhe, Akushoyo, ngeke kwehluleka. Umbono empeleni ufundeka ukuthi ngizoya e-Afrika kuqala, noma, eNdiya kuqala bese-ke ngibuyela e-Afrika. Yilapho engisendleleni yami eya khona manje, ngokushesha nje lapho sengiqedile ngemihlangano cishe engamashumi amabili noma amashumi amathathu enginayo phakathi kwamanje noJulayi, futhi siya e-Afrika. UMfowethu, uMfowethu David du Plessis othandekayo lapho, ubengale, futhi ekhuluma nabazalwane, kanjalonjalo, ukuba bahlangane ndawonye.

⁸³ ENdiya, ngingathanda ukucaphuna umhlangano nokho, ukuthi nje kanjani, ukuthi kwenzekeni. Ngenkathi singena lapho, kwakungekho-bunye, abazalwane bonke behlukene. Ibandla elilodwa lalingixhasile, nabo bonke abanye abangenanga nakho, ngoba abalithandanga lelobandla. Niyabo, nakho lapho okhona.

⁸⁴ Futhi ngokwangempela, kunabantu abayizigidi ezingamakhulu amane namashumi ayisikhombisa eNdiya. NobuKristu buyinkolo ebuthakathaka kunazo zonke abanayo, ubuKristu, neKatolika nabo bonke, silinganisela cishe indawo yesithathu noma yesine, okaMohamede uphindwe kabili noma kathathu ubukhulu bethu, lokho kufaka bonke ubuKristu.

⁸⁵ Futhi ngenkathi ngifika lapho, ngoba lelibandla elilodwa, umgomo wabo wawungukuthi, “Thengisa iNdiya eNdiya, asisidingi isithunywa senkolo, asiwadingi amaMelika.” Ngenkathi ngehlela eBombay, nakho kumi umbhishobhi weMethodisti nabaningi ba—bamadoda amakhulu bemi lapho. Wathi, “Mnu. Branham, wena uza eNdiya, ungezi lapha njengesithunywa senkolo.” Wathi, “Sazi kakhulu ngeBhayibheli kunani boYankee nake nalazi.”

⁸⁶ Manje akusikho ukugxeka, akusikho ukugxeka, kodwa lelo yiqiniso. Lena yiNcwadi yasempumalanga, Akusiyo iNcwadi yasentshonalanga, YiNcwadi yasempumalanga. Lapho uthola umbono wasempumalanga waYo, uthole iNcwadi entsha. Kunjalo.

⁸⁷ Wathi, “SasineBhayibheli iminyaka eyizinkulungwane ezimbili ngaphambi kokuba nibe yisizwe.” Kunjalo, UThomas oNgcwele wehlela lapho. Ibandla likaThomas oNgcwele, ngangikulo ngenkathi sasilapho. Impela, babeneBhayibheli iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, cishe, ngaphambi kokuba sibe yisizwe. Futhi sino—nomcabango wasentshonalanga, sizama ukuwenza uqhathaniseke nowasempumalanga, ophambene nje omunye nomunye. Yonke imifanekiso nezinto

zeBhayibheli, uma uke wangena lapho futhi nje uthole eyabo...indlela abaphila ngayo, ungilibona iBhayibheli livuleka nje libe iNcwadi entsha kuwe, ngoba LiyiNcwadi yasempumalanga ebhalwe ngendlela yasempumalanga yokuphila; futhi singabantu basentshonalanga ngendlela yasentshonalanga yokuphila. Uma iNkosi ithanda, kuleliviki lapho ngiqala ukushumayela, ngifuna ukushumayela ngokuthi *Lapho IMPumalanga NeNtshonalanga Kuhlana*.

⁸⁸ Manje, qhabo bebengeke bakwenze, ngoba babengalithandi leli elinye ibandla, ngoba “Lalingevumelane phezu kwabazalwane bethu—bethu.”

⁸⁹ Manje, ukukubuka, ngathi, “Awu, kunjalo, asithengise iMelika eMelika.”

⁹⁰ I...Laba a—abantu abangamaNdiya bathi, “Sifuna ukuba nempahla yethu uqobo, asiwafuni amaMethodisti, namaBaptisti, nabantu bePentecostal ngale eMelika ukuba babe nempahla yethu, sifuna ukuziphathela thina qobo, khona lapha, asibe nayo.” Bathi, “Nina bafowethu niza ngapha futhi nisivakashele.” Lokho kuzwakala kulungile. Niyabo?

⁹¹ Kodwa ukuba mina ngibe lapho kanjalo, kwakungalungile. Lezozithunywa zenkolo zazijuluke igazi phakathi lapho iminyaka ngezinto ezazizimele, zafa nge-ameba, nangemfiva ephuzi, nemfiva yamanzi amnyama, nakho konke okunye phakathi lapho, ukuletha iVangeli. Ngingayifulathela yini into umuntu ayisungulile kanjalo enzela uMbuso kaNkulunkulu na? Ngingumfowabo, impela ngeke. Ngempahla yabo, ingekabani, empeleni na? UNkulunkulu. Kunjalo impela.

⁹² Kodwa phakathi lapho, kodwa engikwenzile, futhi bangitshela ukuthi abakwazanga ukubambisana. Ngalobobusuku ba...Ngalolosuku imeya yedolobha yangehlisela ethempelini lamaJain. Futhi, iJain, iJan? Ngiyakhohlwa, amaJains. Futhi bayihlelo elixakile, basohlelweni lweKatolika kakhulu. Bangithatha bangingenisa kuphapha wabo ehlezi emqamelweni. Futhi nje nginikhombise ukuhlushwa abedlula kukho. Abesilisa nabesifazane bahlala, benza amamophu amancane; babengeke babulale intuthwane. Ba—bangeke basebenze, bafanele banxibe yonke into abayitholayo. Izigidi ezingamakhulu amane zalawomaNdiya cishe impela zi...Kukhona cishe izigidi ezingamashumi ayisikhombisa zabo, ngiqagele, o—osebenzayo, nezinye izigidi ezingamakhulu amane yizinxibi. Futhi bakolobha iphansi lapho behamba, noma, umhlabathi, ukuvimbela ekugxobeni intuthwane, ngoba bakholelwa ekuzalweni kabusha kokunye, kungahle kube ngabanye babantu bakubo, ngeke babulale lutho, hhayi impukane noma izeze. Indoda yahlinza umunwe wayo uqobo, futhi yafela kulokho, ngoba yayingeke iwuhlanze amagciwane ummese eyahlinza ngawo, isaba ukuthi

yayizobulala igciwane, kungahle kube abanye bokhokho bayo endleleni ebuyayo.

⁹³ Manje, ungalibona izwe liphila ngokungazi kanjalo, futhi thina neVangeli langempela, nezibhamu zethu zibheke komunye nomunye. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini, bazalwane na? Thina siqophisana, noma ngifanele ngibe yiChurch of God, noma i-Assembly of God; ngifuna ukuba ngumntwana kaNkulunkulu, yilokho-ke, manje, nenceku kaNkulunkulu.

⁹⁴ Qaphelani, khona-ke kulokho, lamadoda ehlezi lapho kulesosimo. Ayengenaku—ayengenakushefa, kwakuyisono ukushefa, ngakho babefanele bahluthule izintshebe zabo futhi bahluthule izinwele zabo. Noku... Futhi o, izinto ababefanele bazenze! Kwakukubi kakhulu.

⁹⁵ Nango lophapha ehlezi lapho, njengoba wayenjalo. Futhi ngezwa ukuthi kwakukhona ishumi nesikhombisa, ngiyakholwa, noma, isikhombisa, noma abayisishiyagalombili abehlukene... [Akuqoshwanga eteyipini—Umdl.]... bemelwe lapho, nami ngingena, ngamunye wabo wangitshela ukuthi ngangimncane kangakanani. Ngani, lawomaJain, athi, ngani, aqala ngaphambi kokuba uGenesis aze aqale, futhi ayephakeme kakhulu ebuKristwini. Futhi anenqwaba yamaphuzu amahle.

⁹⁶ Nakhu okwashiwo yilowophapha kimi, wathi, “Nina bantu nizibiza ngabakholwayo na? Futhi nisebenzisa yonke isayense yenu, bonke ososayense benu laphaya, hhayi ukuzama ukusiza omunye, kodwa ukudala amabhomu e-athomu ukuqhumisa omunye nomunye abe yizicucu.” Ngabe wayeqinisele noma wayenephutha na?

⁹⁷ Niyabo, onke amanga anenqwaba yeqiniso kuwo. Kunjalo. Manje, uma kungamanga angempela, alungile nje, esikubiza ngamanga amnyama, noma, amancane, amanga amhlophe, amancane, amanga amhlophe a—amanga angempela, ungawabona amakhulu, amanga amnyama, kodwa yilelo elincane, elimhlophe elinokuphelele... njengalelo udeveli alitshela u-Eva. Niyabo? Into eyodwa nje encane ephuma emgudwini, yilokho i, amabandla ethu akulalele namhlanje, bathi, “O, uqinisele emgomweni wakho wombhaphathizo, uqinisele *kulokhu*, futhi uqinisele *kulokho*.” Kodwa uyehluleka ukunazisa ukuthi nifanele nibe nothando ngalowomfowenu phandle lapho, nakuba eqinisele noma enephutha. Sihlangene kanye naye, uMbuso kaNkulunkulu, eBukhoneni bukaNkulunkulu.

⁹⁸ Manje, bhekisisani lokhu, ukuthi uNkulunkulu usebenza kanjani. Nalababafo njengoba babehlezi lapho, ngase-ke ngizwa sengathi, emva kokuba bonke sebekhulumile, noma, abaningana babo basebekhulumile, ngezwa sengathi ngiyoba imbuka kuKristu uma ngingashongo okuthize, futhi ngasukuma, ngathi, “Banumzane abahloniphekile,” angikwazanga ukubabiza

ngabazalwane, babengenjalo, ngathi, “ungake uze uwemukele kanjani umhlatsshelo weGazi ngenxa yezono zakho futhi ungabulali izeze na?” Ngathi, “Ungakwenza kanjani na?” Ngathi, “Igazi liyikhambi, iGazi kwaba yilo elasikhipha ensimini yase-Edene. Engqamuzaneni legazi ngukuphila.”

⁹⁹ Kwakungukuphila, ukuphila okuphendukezelwe okwasiletha ekufeni. Kuyothatha leloNgqamuzana leGazi elifanayo lehlukane ukusibuyisela ekuPhileni futhi. Lokhu ngukuphila okuphendukezelwe. Futhi ngifuna nina, bazalwane, akunandaba ukuthi nizama kahle kangakanani ukuphesha, nokuthi nizama kahle kangakanani ukwenza *lokhu*, nokuthi uzama kanjani ukuphila ngokuhlanzekile, nokuthi uzama kanjani ukuphila ngokulunga, akusoze kwasebenza, lokhu ukuphila ekuqaleni kwalahlwa nguNkulunkulu, futhi akusikhona ukuba kupheshwe, ngukufa nokuphinda uzalwe. Kuzofanele kube ngukuzalwa. Ayikho enye indlela yokukugega. Niyabo?

¹⁰⁰ Hhayi ukuthi yibangcono, joyina ibandla, yeka ukuncishana kwakho, ungenza konke okwalokho, futhi ube usalokhu ungenakho ukuPhila okuPhakade. Niyabo? Ungalijoyina ibandla, ungaba ngowehlelo, ungaphila ngokwethembeka, labobaFarisi benza, noJesu wathi, “Ningabakayihlo, udeveli.” Niyabo? Sizama ukukubeka emisebenzini ngaso sonke isikhathi, into ethize esingayenza, into ethize esingayakha, uNkulunkulu akazidingi izakhiwo zethu, uNkulunkulu udinga umphefumulo wethu.

¹⁰¹ Futhi laphe ngalesosikhathi, ngalobobusuku ngenkathi ngithi, “UNkulunkulu makakhulume, Lowo onguNkulunkulu, kulobobusuku.” Futhi emsamo... Manje, ukuthi ni... Ngenza lokhu ukuze, ngisho lokhu ukuze nina bazalwane nibone ukwethemba eningaba nakho kuNkulunkulu.

¹⁰² Kulowomhlango ngalobobusuku ngenkathi beqala kwakukhona oRaja besemicamelweni, futhi kwakukhona abakaMohamede, noBuda, futhi kungithathe ngaphezu kwamahora amabili nohhafu ngisho ukufika esitendeni laphe engangizoshumayela khona. Imeya yalinganisa ukuthi uma ngihlale izinsuku ezintathu, noma, izinsuku ezinhlanu engangifanele ngizihlale, ukuthi kuzoba ngabantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu ngaphandle eBombay; babezwile, babefikile.

¹⁰³ Futhi ngacabanga, “Awu, uma lababashumayeli bengafuni ukubambisana, bayeke kanjalo-ke.” Kodwa ngenza iphutha, engangifanele ngiphenduke futhi ngibuye, ngize ngithole ukubambisana. Ngoba ngalobobusuku ngenkathi siya emhlanganweni... Ubungeke ukhiphe amakhadi omkhuleko, ayikho indlela yokukwenza, ngakho-ke saba nabezempi ukuba bathi ukukuphila ngamunye ngesikhathi. Bese-ke be... .

¹⁰⁴ Lapho izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, nezinkulungwane nezinkulungwane zabantu, ubani ozoba ngowokuqala emgqeni womkhuleko, abantu ongeke ngisho ukhulume nabo na? Kodwa manje-ke ngenkathi uMoya oNgcwele uqala ukwembula kubo, futhi uqala ukubatshelela, ngangibona ukuthi kwakungubani, ukuthi babeyini, ngipelishe igama labo, angikwazanga ngisho nokulibiza. Indawo. . .

¹⁰⁵ Khona-ke ngangizizwela kungena ngoMoya oNgcwele ukuthi kwakuyikho, babecabanga ukuthi kwakungukufunda ingqondo. Ngakho ngacabanga, “Nkosi, uma nje Uzopha umusa.”

¹⁰⁶ Ciske abathathu noma abane base bedlulile, onochoko wedlula, wayengenangalo, futhi—futhi ngamgona ngezingalo zami futhi ngaqala ukumthanda; wavele wakhala izinyembezi ngenkathi ebona ukuthi ukhona owayemkhathalele. Izwe lifela uthando, bafowethu. Manje, ungagona umfowenu ngezingalo zakho, ubone ukuthi akuzenzi yini izinto zehluka kancane. Niyabo? Lolothando olufanayo olwasebenza konochoko, luzosebenza kumfowenu ocabanga ukuthi akalungile. Kunjalo, manje.

¹⁰⁷ Futhi yena, ngamgona ngezingalo zami, futhi wa—wakhala. Futhi ciske ngomzuzwana emva kwalokho wayekade eyimpumputhe. Kwakukade kukhona enye indoda eyimpumputhe eyedlulayo, ngayitshela ukuthi yayingubani, ukuthi ivelaphi, yonke into, ngathi, “INkosi uNkulunkulu ikuphulukisile, mfowethu. Eminyakeni edlule Yakufela futhi ukuphulukiswa kwakho kuqinisekisiwe, uma nje ukukholwa manje, qhubeka, usinde.” Ababili noma abathathu abanochoko base bedlulile, into kuphela engayibona kwakungukuthi babengobani nokuthi kwa—kwa. . . Angibange ngisasho lutho. Yilokho kuphela engikushoyo yilokho engingakubona, futhi ngavele ngayeka ukusho.

¹⁰⁸ Kwase kuthi-ke lona ofikayo uyadlula, indoda eyimpumputhe, Yamtshela ukuthi yayingubani, yathi, “Uyisinxibi. Unabantwana ababili, unonkosikazi, ungowesifazane ozacile,” yasho ukuthi igama lakhe lalingubani, negama lakhe alinikeziwe. Lokho kwakulungile. Kwase kuthi-ke ngenkathi ngiqala ukuyedlulisa, umbono wabhoboka. Manje, yilapho iNkosi ikhuluma khona, okunye yilokho indoda eyayikwenza yona uqobo, yilokho okubona emsamo. Nguwe okwenzayo, hhayi mina, ngukukholwa kwakho uqobo okukwenzayo.

¹⁰⁹ Manje, khona-ke ngenkathi lokho kubhoboka, ngabuka futhi ngayibona indoda imi phambi kwami. Yayibukeka impunga kancane kunalokho eyayiyikho lapho, futhi yayikwazi ukubona, amehlo ayo ayevulekile, futhi yayithokoza futhi

ikhuluma nabantu. Lelo yinothi eligqamile, kwakulapho-ke. Ngacabanga, “O Nkulunkulu, nakho!”

¹¹⁰ Kanjani ukuthi akukho ndlela, bazalwane... Singabantu ababoshelwe ePhakadeni, futhi sizoma eBukhoneni baKhe ndawonye ngolunye lwalezizinsuku, ngiqonde ubuso nobuso naYe. Ayikho indlela yokukuchaza, lapho wazi ukuthi kuzokwenzeka, nakho. Angikaze ngikubone nakanye kuke kwehluleke.

¹¹¹ Ngolunye usuku, eWaterloo, emva kwalesosigejane sabefundisi simelene kakhulu nami, futhi ngangikhuleka, ngacabanga, “Nkosi, ngilapha esimweni esibucayi angazi ukuthi ngenzeni,” amakhulu abantu ehlezi lapho, kubanda nje njengoba kwakungaba njalo bemi lapho, futhi kungazelelwe ngezwa Into ethize, ngacabanga ukuthi Kwakuyibhanoyi lingena ophahleni. Ngaqalaza kuDokotela Vayle, futhi wayebuka i-ogani, wacabanga ukuthi o—owesifazane wayephambanise umoya we-ogani, futhi uthola ukuthi, kwakuyi-ogani kagesi. Futhi lapha Kwakuvela phezulu njengokubhonga, futhi Kwehla, ibhantshi lami liqala ukutatazela, Kwashwibeka phezu kwesakhiwo abantu bavele baphenduka baba mhlophe futhi bawabafulathela amakhanda abo *kanjalo*. Ukuvunguza njengomoya, kuphela Kwakungesiwo umoya, Kwakungumsindo, uMoya oNgcwele uhamba udabula esakhiweni, unyakazisa, futhi sinaWo eteyipini.

¹¹² Futhi ngacabanga, “UMoya oNgcwele omkhulu aWuziphathi ngokungesikho noma ngayiphi indlela,” ngacabanga, “Angikaze ngiMbone enza lutho ngaphandle kwalokho okwakuseMbhalweni.” Futhi ngenkathi ngiya ekhaya, ngiqala ukukhuleka, “Nkosi, bekungaba kuphi—kuphi lokhu uma uMoya oNgcwele uziphathe kanjalo na?” KuJohane oNgcwele 12 siyabona lapho iNkosi yethu yayikhuleka khona, nabanye babo bathi ngenkathi uBaba ephendula kuYo, bathi Laduma.

¹¹³ UNkulunkulu usaphila, bazalwane. Futhi sibheke into ethize le ngaleya, lapho sinayo khona manje. Yilokhu-ke, ungakuvumeli kwedlule phezu kwakho njengoba kwenzile eminyakeni, njengoba kwenza ngezinsuku zikaJohane umBhaphathizi, babengazi ukuthi wayengubani; abantu abazi ukuthi loMoya oNgcwele uyini. Akusiyo into yokuhlela inhlangano ngale, okungukuthi angikugxeki lokho, bazalwane, Akusiyo into yokuqophisana ngayo, UyiNto ethize yokuthanda nokukhonza; Awusikho okokuzahlukanisa omunye komunye, Kungokokuhlenganisa omunye nomunye. SiWusebenzisa njengethuluzi, hhayi ukuthuthukisa uMbuso kaNkulunkulu, lapho sizenza sehluke komunye nomunye, sifanele sizenze ndawonye kanye nalokhu noMoya oNgcwele wangempela uzoletsa lokho kithi bazalwane, Uzofanele nje, Ulu—UluThando lukaKristu uQobo kithi.

¹¹⁴ Futhi qaphelani, e—emhlanganweni waseNdiya, kwakukhona indoda, ngayibona imi lapho njengesithunzi esil’hlaza s’bhakabhaka. Futhi ngenkathi umbono ungishiya, o, umuzwa onje pho, umuzwa onje pho! Nga—ngazi-ke ukuthi kwakufanele kwenzeke, kufanele kwenzeke, uNkulunkulu washo njalo.

¹¹⁵ Khona-ke ngingathatha iphansi, ngingaba ngubasi khona-ke, njengoba kwakunjalo, ngiyaxolisa ngalesosisho, hhayi mina, kodwa uMoya oNgcwele usebenza, wawunguBasi. Uma uNkulunkulu ubeyoza namhlanje futhi angikhombise umbono ukuthi uGeorge Washington wayezovuswa emathuneni omongameli, bengiyomema izwe ukuba lize likubukele kwenziwa. Kunjalo impela. Kuzokwenzeka uma uNkulunkulu esho njalo. Kungehluleka kanjani na? Ngineminyaka engamashumi amane-nesishiyagalombili ubudala, ngibone imibono kusukela ngisengumfanyana nje wemibili, futhi akukaze nakanye Kwehluleke, kimi NguNkulunkulu.

¹¹⁶ Uma ngingakwazi ukuthola izwe ukuba likubone, mehluko muni na? Abakaze bakubone kunoma yimuphi unyaka. Kodwa uNkulunkulu ulungile, Uyakuthumela, noma kanjani. Bona, khona-ke lapho konke sekuphelile, bathi, “Awu, besingakwazi lokho. Impela, ngabe lokhu kwenzeka na? Bengingakwazi.” O yebo, bekuhlala njalo kungaleyondlela. Kungaleyondlela namhlanje, bazalwane, lalalani, leli yihora, lolu wusuku. Ubheke into ethize ngaleya, nodeveli ezama ukubeka aqalise into ethize ngaleya ngesinye isikhathi, uzoba sesikhathini seminyaka eyiNkulungwane ngaphambi kokuba ukwazi, kusesikhathini sokuphela manje.

¹¹⁷ Ngakho manje-ke ngenkathi lombono ufika nendoda eyimpumputhe yayibona, khona-ke yayisalokhu imi lapho, ngathi, “Manje, kinina banumzane abahloniphekile namhlanje, ebenisethempelini lamaJain, futhi nonke benisho ukuthi naqala phambi kukaGenesisi, nokuthi loNkulunkulu wayenganele kanjani, nokuthi bonke abafundi baKhe bakwenza kanjani *lokhu, lokho, nokunye*,” nokunye nokunye. Ngathi, “Ngiyayazi imicabango yenu, nicabanga ukuthi ngifunda ukufunda umcabango, ngoba yilokhu kuphela enake nakubona kukhona lapha. Manje, yilokho okusengqondweni yenu.”

¹¹⁸ Kodwa ngathi, “Nansi indoda eyimpumputhe. Futhi indoda isanda kufakaza nje ukuthi yaba yimpumputhe, okungukuthi uMoya uyitshelile, eminyakeni engamashumi amabili edlule. . .” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “. . .ibheka ilanga.” Yayikhonza ilanga, futhi yayikade iyimpumputhe, amehlo ayo ayemhlophe njengeyembe lami. Ngathi, “Yethembisile ukubuyisa ukubona kwayo futhi izokhonza uNkulunkulu oyinika ukubona kwayo. Iyavuma ukuguquka.”

¹¹⁹ Ngathi, “Nina kaMohamede lapha, ungomkhulu kunabo

bonke ngesibalo...” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “...ukuba eze lapha futhi abuyisele lendoda ukubona kwayo.” Nakho lapho okhona.

¹²⁰ Ngangingeke ngikusho lokho ngeze, bazalwane, ukuba uNkulunkulu wayengashongo njalo kuqala, niyabo, umbono. Ngathi, “Manje woza uyinike ukubona kwayo.” Ngase ngithi, “Nina bakhonzi bakaBuda, ngiphosela inselelo abapristi bakaBuda ukuba beze, bayinike ukubona kwayo. Noma nina maJain ebenisethempelini namhlanje, ngiphosela inselelo noma yimuphi wenu bapristi ukuba nize, niyinike ukubona kwayo. Futhi izokhonza uNkulunkulu oyinika ukubona kwayo.”

¹²¹ O, mfowethu, kwakuyisigejane esithule, impela kwakuyiso. Ngathi, “Yini—yini obungayenza na? Ubuyoyitshela ukuthi yayinephutha ekukhonzeni ilanga. Ikhonza-...” Ngase ngithi, “Ngikholwa ukuthi inephutha, ikhonza okudaliweyo esikhundleni soMdali.” Niyabo? Ngathi, “Ngikholwa ukuthi yayinephutha.”

¹²² Kodwa ngathi, “beniyokwenzani nina bakaMohamede uma niyiguqulile na? Beniyoguqula kuphela indlela yayo yokucabanga. Ukuba-ke nina maJain niyithathile na? Beniyoguqula indlela yayo yokucabanga. Ukuba-ke nina bakaBuda niyithathile na? Beniyoshintsha indlela yayo yokucabanga.” Kunjalo, isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo.

¹²³ Kodwa, bazalwane, ngifuna ukunibuza okuthize: Yini enye iMethodisti ebingayenzela yona kunalokho iBaptisti ebingakwenza na? Sinento efanayo eMelika, kuphela sinoNkulunkulu oyedwa esimkhonzayo. Kodwa yonke iBaptisti ifuna bonke babe ngamaBaptisti, futhi ifuna yonke iMethodisti...nePentecostal ifuna ukubenza bonke babe ngamaPentecostal, iChurch of God ibafuna bonke ohlangothini lwabo, ne-Assemblies ibafuna bonke ohlangothini lwabo.

¹²⁴ Kuyini na? “O, bafanele babhaphathizwe, *kanjalo*, noma *lokhu*, *nalokho*.” Noma “Bafanele basho izinto *ezithize*, bane...” Kuyini na? Isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. Angisuye ozolimaza imizwa, kodwa, mfowethu, ngifanele ngibe qotho, lesi kungahle kube yisikhathi sethu sokugcina ukuthi siyoke...[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...Yiqiniso.

¹²⁵ Ngathi, “Sinento efanayo eMelika, nje ukusuka kulelibandla uye kulelobandla. ‘Uma iChurch of God ingangiphathi kahle, ngizojoyina i-Assemblies. I-Assemblies ayingiphathi kahle, ngizoba i-Oneness.’” Futhi nakho lapho okhona. Kuyini na? Into efanayo, njengabangakhulwayo, abahedeni, yiqiniso. Zigxilise okwehange kuKristu kanye, uhlale lapho. Kunjalo.

¹²⁶ Manje-ke, ngenkathi ngithi, “Impela, beningeke nisayenzela lutho, omunye komunye, akunandaba ukuthi bekuyoba

ngubani.” Kodwa ngathi, “Ningeke nayinika ukubona kwayo, nina bakaMohamede, kanjalo nani maJain, futhi kanjalo nani boBuda, noma yimuphi wenu, ongayinika ukubona kwayo, futhi nami ngeke ngikwazi ukuyinika ukubona kwayo. Kodwa,” ngathi, “uNkulunkulu waseZulwini, Owavusa iNdodana yaKhe uJesu, enicabanga ukuthi ngukufunda ingqondo, ungikhombise umbono ukuthi indoda izokwemukela ukubona kwayo. Futhi uma ingakwenzi, ngingumprofethi wamanga.

¹²⁷ “Futhi manje uma ikwenza, bangaki kini abazophakamisa izandla zenu ukuthi nizoshiya unkulunkulu wenu wabahedeni na? Niyabona ukuthi umpristi wenu umi kuphi na? Bonke, bangabantu abathule, akumangalisi bethule; Bengiyothula, nami, ukuba uNkulunkulu waseZulwini ubengangikhombisanga okuthize njengamanje.” Ngathi, “Manje sizothola ukuthi kuqinisile noma qha.”

¹²⁸ Futhi wonke umuntu wayethule. Ngathola ompofu, umfo omdala futhi ngamdonsele esifubeni sami, ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, Owenza amaZulu nomhlaba, njengoba kwakunjalo ngezikhathi zeBhayibheli, sekubuyile futhi, makwazeke namhlanje ukuthi Wena unguNkulunkulu, neBandla laKho liyakunqoba onke amasango esihogo, liyakuba njalo. Futhi amaningi alamadoda ehlezi lapha esebenze kanzima phandle lapha, ecabanga ukuthi lezizinto zingezomunye unyaka, mawazi ukuthi imisebenzi yawo enzima ayisilo ize, ashumayela okwedlula konke ayekwazi ukuthi kanjani phansi kwezimo, nezinto ayefanele ashumayeke ngazo. Kodwa manje Wena ufikile enkundleni . . .” Abawuhumushi umkhuleko, kusobala.

¹²⁹ Futhi ngikhuleka eNkosini, ngayincikisa esifubeni sami, ngenkathi ngiyisusa *kanjalo*, yadazuluka ngawo onke amandla ayo, yagijima yadumela imeya yaseThekwini yayisiyanga, ukubona kwayo kwakukuhle njenganoma yimuphi umuntu ophakathi lapha.

¹³⁰ Kwase kwenzekani-ke na? Nakho babemi lapho, yawa ngamadolo ayo, yaphosa izandla zayo emoyeni, yakhala izinyembezi, izinkulungwane ziyibhekisisa. Leyondoda ifakaze ngisho nakumongameli waseNdiya, okungukuthi enhla eNew Delhi, kulo-Okthoba ozayo uma ngifisa, bane—nenkundla yemidlalo yeshashalazi enhla lapho ebengingafaka khona isigidi sabantu ngomzamo ohlangene kulo lonke elaseNdiya.

¹³¹ Ngase ngithi, “Bangaki kini lapha abazokwemukela uJesu njengoMsindisi oqondene nawe, nina bakaMohamede, noBuda, nokunye nokunye na?” Izandla zabo zaphakama ndawo zonke, ndawo zonke. Futhi baphuthuma, bathatha . . . bakhumula izicathulo zami, badabula ezami . . . Ngangingaphezu kwehora ngiphuma kuyo, izingubo ezimadlavadlava, olayini abahlanu noma abayisithupha abakwazanga ukubabamba, babegijima phansi kwemilenze yabo nakho konke.

¹³² AmaNdiya angabakhholwela ezeni, afuna ukukuthinta noma into efana naleyo, ngokuzama ukungena, omama ngisho bephosa izingane zabo ukuba bazame ukudlula ukuba zithinte. Ngadingeka ngilishiye idolobha ngosuku olulandelayo ngoba ababange besakwazi ukubabamba, kwakungenandawo yokubabeka.

¹³³ UJesu wathi, “Hambani, nishumayele iVangeli.” Kunjalo. Sakhe izikole, inhlangano, imfundo, akukho okumelene nakho, lokho kulungile, akukho okumelene nakho, kodwa Wathi, “Nishumayele iVangeli.” Akazange athi yakhani amasonto, Akazange athi yakhani izinhlangano, Akazange athi yakhani izikole, Akazange athi yibani namakholi, Wathi, “Nishumayele iVangeli.” Siyaphenduka, senze enye into. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . isizathu sokuba abahedeni esimweni abakuso namhlanje, yingalesosizathu lezizinto zinjalo. Kodwa, bazalwane bami, uNkulunkulu ka-Abrahama, u-Isaka, nokaJakobe, usaphila nanamhlanje, kunjalo, UnguNkulunkulu ofanayo.

¹³⁴ Kungikhumbuza ngento eyodwa encane engizonitshela yona, ngifanele ngihambe khona-ke, uma nje nine—nje imizuzu ethi ayibe mibili. Njengoba wonke umuntu azi, ngiyakuthanda ukuzingela. Kukhona umfowethu ohlezi lapha ovela enyakatho yeBritish Columbia. Ngolunye usuku ngiphuma ezintabeni, nobuhwanqa obuthi abube bude *kangako*, futhi sebubampunga, lapho nesikhulu esidala, isigqoko esiwumhelane phezulu sidonselwe phansi, ama-ovaloli, futhi ngangingakaze ngigeze ngaphezu kwamaviki amabili, futhi—futhi nganginomhlambi wamahhashi angamashumi amabili nanye. Futhi ngicabanga ukuthi nganginuka kabi kakhulu kunoma kwakunuka amahhashi, kade ngingagezi, futhi ngingcolile, futhi ngijuluka. Futhi ngangikade ngizingela amabhere phezulu ezintabeni. Kanjani izehlakalo enganginazo noNkulunkulu lapho zizohlala nami ngize ngife, ube wedwa!

¹³⁵ Ngangisendaweni encane lapho babene—nesitolo, cishe usayizi nje wengxenye yalelikamelo, babenayo yonke into lapho, nokho. Owesifazane osemusha lapho, cishe eneminyaka engamashumi amathathu ubudala, wayengakaze alibone idolobha empilweni yakhe, empilweni yakhe, *kude* le emuva. Ngiqagele umgwaqo wokuqala ogandayiwe wangempela ubuyoba yi-Edmonton, ngase-Edmonton, lokho bekuyoba ngamamayela angamakhulu amane, amahlanu ukuqhela. [Umfowethu uthi, “Lokho bekuyoba yiGrande Prairie, ngakhona.”—Umhl.] Yebo. Kube cishe amamayela angamakhulu amabili, ngiqagele, amamayela angamakhulu amabili ukuya emgwaqeni ogandayiwe. Bese-ke ushiya lokho, bese-ke uthola omunye, ukunwebeka okude kwakho, enhla le e-East Pines, enyakatho yeBritish Columbia.

¹³⁶ Ngimi emuva lapho, ngangizama ukudonsa izikhwama

ezisemaceleni emahhashini, futhi ngiqinise i... Indoda yehla idabula lapho, yathi, "Halo, Mfowethu Branham." Lowo kwakunguye, umlimi. INkosi yanikeza umbono, yambizela emsebenzini, futhi manje usanda kubuya eCuba, futhi esendleleni yakhe ebuyela emuva futhi manje ensimini.

¹³⁷ Ngangisezansi, endaweni engasenyakatho, nenenekazi lenyuka, yonke leyontshebe nezinto, inenekazi lenyuka lase lingithinta emhlane, lathi, "Awusuye uMfowethu Branham na?"

Ngathi, "Yebo, mem. Ungaze kanjani na?"

Lathi, "Nginencwadi yakho."

Ngathi, "Uze wayithola kanjani incwadi emuva lapho na?" Ifika kabili ngonyaka, iposi lilayishwe esihlibhini sezinja.

¹³⁸ O, bayovela empumalanga nasentshonalanga ngalesosikhathi esikhulu.

¹³⁹ Phezulu le ezintabeni ngesinye isikhathi eColorado, ngangizingela inyamazane i-elki, hhayi ukubulala inyamazane, ukuba nje ngedwa noNkulunkulu. Ungaba nayo yonke iFlorida yakho ebiywe ngamaplangwe anciphile ohlangothini ofuna ukuba nayo, yilokho umuntu akwenzile kukho, ngikuthanda ngendlela uNkulunkulu akwenza ngayo, niyabo, emvelweni yakho eluhlaza cwe nje.

¹⁴⁰ Ngangikhwele phezulu le entabeni, phezulu le, ngoba inyamazane i-elki yayingakehli ngalesosikhathi, kwakungekho-qhwa elenele ukuzehlisa. Okungenani ngangingamamayela angamashumi amathathu nanhlano noma amashumi amane ukusuka esidalweni esingumuntu, emuva le phakathi kweBerthoud Pass neRabbit Ear Pass, emuva le eMfuleni iTroublesome lapho ngangivame ukwelusa khona izinkomo ngenkathi umfana.

¹⁴¹ Nginento encane engifuna ukuyisho khona lapha ngalokho. Ngangivame, ngenkathi beqoqa izinkomo entwasahlobo ngenkathi sibeka izinkomo phezulu e-Arapaho Forest... IHereford Association idlisa esigodini, futhi uma ungakhulisa ithani lefolishi futhi uthole u—uphawu oluvela enhlanganweni yabahwebi, ungelusa inkomazi e-Arapaho Forest ehlobo. Ngakho selusa ezansi lapho, nophawu lwethu kwakuyitripod.

¹⁴² Futhi i—idayamondi enkulu, iBar Diamond yayiseduze kwethu lapho, okwakunguGrimes, futhi nonke niyamazi uGrimes, indoda yamahhashi omjaho, wayene... usebenza cishe amadoda angamashumi amabili ngaso sonke isikhathi. Futhi sasine... Thina... Eyethu kwakuyindawo encane, sasinendawo yokugcina yokunisela ngenkasa egatsheni elisempumalanga yoMfula iTroublesome, enhla le. Ngakho manje-ke, niyazi, umfula wehlukene *kanje*, futhi wehla uvela enyakatho, e, emehlelweni wasempumalanga nasentshonalanga, awu, khona-ke sasilisa lokho phakathi lapho, ikhulu namashumi amahlanu,

amamayela angamakhulu amabili, ukudabula lapho, sasidlisa khona.

¹⁴³ Ngakho babenothango lokushushumbisa luvela endaweni engeyomuntu, kwaze kwaba yindawo kahulumeni. Isikhathi esiningi, ngike ngahlala lapho emini, futhi ngibabhekisise ngenkathi bedlulisa lezozinkomo, ngahlala nomlenze wami ungasophondweni esihlalweni sehhashi, njengoba nonke nazi, ngibhekisisa, Nomqaphi wama lapho ebala lezozinkomo lapho zedlula, wahlola lezozinkomo. Bazalwane, wayengabuki kangako ngophawu, kwakuwuhlobo lwezinkomo. Uphawu lwalungangena, lwaluphathelene nakho, kodwa kwakuyigazi lenkomazi, akunandaba ukuthi hlobo luni lophawu olwalukuyo, uma i...uma leyonkomazi yayingesiyo iHereford yohlobo, yayingeke ihambe kulelohlati.

¹⁴⁴ Ngicabanga ukuthi yileyondlela okuyoba ngayo ekwaHlulelweni, ngeke kube noma ngabe uyiChurch of God, noma i-Assembly of God, kuzoba uphawu lweGazi oluzosho umehluko. Akunandaba ukuthi hlobo luni lophawu olufakile, kuzoba yilabo kuphela abazelwe ngokusha abazongena.

¹⁴⁵ Phezulu kulezozintaba ngabhekisisa. Kukhuphuka isiphepho ngase ngifika emva kwesihlahla ngase ngima lapho kancanyana ngenkathi isiphepho sasisaqhubeka. Futhi khona manjalo, emva kokuba isiphepho sesiphelile, ngaphuma emva kwesihlahla...Lizophephetha isikhashana, line, khona-ke lizokhithika isikhashana, bese kuthi-ke ilanga liyophuma futhi lilincibilikise, futhi mhlawumbe lizophinde line. Futhi ngenkathi ngiphuma, kwabanda, ngesikhathi emva kwalesisihlahla, nelanga lase liyoshona entshonalanga, neso elikhulu lilunguza ngalendlela, futhi lapho uthingo lwenkosazana lufika ngaphesheya kwesigodi lapho i—izihlahla ezihlala ziluhlaza zazibe yiqeqeba lamakhaza ngenxa yemvula, niyazi ukuthi kuzoba yiqeqeba lamakhaza kanjani esihlahleni, nelanga libhekene naso kwenza u—uthingo lwenkosazana. Ngabuka lolothi...

¹⁴⁶ Umama wami...Umama kamama wami wavela kulesi sabelo enhla lapha. Ukuphenduka kwami akuzange kukhiphe ubizo lotwa kimi, ngiyawathanda amahlathi. Ngakho ngama lapho ngase ngiqala ukukhala, ngacabanga, “O Jehova oMkhulu,” njengoba ngishilo izolo ebusuku, Uholo izinyathelo zami ngeso laKhe. Ngakho manje-ke, nango Ebuka. Lapho ngacabanga, “Yebo, ilanga liyafa entshonalanga, usuku seluphelile; uthingo lwenkosazana lumele isivumelwano, sisesikhathini sokuphela.”

¹⁴⁷ Buka noma yikuphi, futhi ungambona uNkulunkulu, uma nje uqalaza kancanyana. UngaMbona kumfowenu ongamthandi kahle kakhulu uma nje ubuka usondela kangako; ungaMbona

enhlanganweni ongayithandi uma nje uzoqalaza, yilokho kuphela, Uzoba lapho, ngakho ungakhathazeki.

¹⁴⁸ Ngase-ke ngikubhekisisa lokho ngase ngiqala ukukhala izinyembezi. Emizuzwaneni embalwa ngezwa impisi endala empunga imemeza phezu esiqongweni sentaba, umata ephendula phansi ekugcineni. Niyazi uDavide wathi, “Lapho utwa lubizana notwa.” Utwa lwaqala ukubizana notwa. Ngezwa inkunzi endala yenyamazane i-elki ikhala, isiphepho sazehlukana, ngenqwaba yokuvunguza, imithi yamapulangwe iwa, umhlambi wawuhlukene, zazimemezana ukuba zibuyelane ndawonye. Umata wempisi wayebiza, “Asibuyele ndawonye.” Iso lalibiza uthingo lwenkosazana, “Asibuyele ndawonye.” UMoya ubiza eBandleni, “Asibuyele ndawonye, asihlangane.” UNkulunkulu wayelapho.

¹⁴⁹ Futhi ngenkathi ngisami lapho ngikhonza, o, ngagijima ngazungeza, ngazungeza lesosihlahla ngamandla ami onke, ukuba nje ngiveze umuzwa wami, ngimemeza kakhulu ngephimbo lami, nginyakazisa izandla zami. Babeyocabanga ukuthi ngangingumgingqiki ongwele, impela impela, ukuba othile wayengibonile, kodwa, noma mhlawumbe ngangihlanya, ngigijima ngizungeza ngizungeza lesosihlahla, kodwa ngangikhonza uNkulunkulu. NgiMbonile, yonke into yayibiza, ukujula kubiza ekujuleni, njengoba uMoya unjalo manje, ubiza iBandla, ubiza uMzimba, “Asihlangane, masibe ndawonye. Ilanga liyashona, isikhathi sesedlule kunoma ucabanga, asihlangane ndawonye.”

[Umfowethu uyaprofetha—Umhl.] Amen.

¹⁵⁰ Wakhuluma kuphi uMoya na? Ngenkathi uthingo lwenkosazana, ilanga lalibize uthingo lwenkosazana, ngenkathi impisi ibiza umata wayo, ngenkathi inyamazane i-elki ibiza umata wayo. UJesu ubiza uMata waKhe, iBandla.

¹⁵¹ UNkulunkulu anibusise, bazalwane. Ngilapha ukulekelelana kanye nani esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu ukunisiza ngayo yonke indlela engingasiza ngayo, ngingumfowenu. 

58-0301_B UMyalo OMkhulu
Akwaziwa
EChattanooga, ETennessee E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org